basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NHLABA/NHLANGULANA 2026

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-29.

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.

- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.

- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.

- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.

- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.

- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

ISIQESHANA A

1.1 USandanezwe ungumzala kaZondiwe√/uZondiwe uzalwa ngubabekazi kaSandanezwe. √ (1)

1.2 Cha ibuhlungu le nto engiyizwayo malume. √ (1)

1.3 Akulona iqiniso ngoba ngesikhathi oSandanezwe besebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini babezwana nayo yonke inhlobo yentombi onokuyazi, abantu, amaNdiya, amaKhalathi ngisho nabamhlophe imbala. √√ (2)

1.4 A√/Ukukhuluma amanga. √ (1)

1.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Isayoni sathi sibona idimoni elibi elikhwelele uSandanezwe. √/
- Isayoni sathi uSandanezwe udinga usizo oluphuthumayo ngoba kukhona abantu abamphosayo. √/
- Isayoni sathi abathakathi bathumela indoda emfushane okuyiyona emunca igazi emzimbeni kaSandanezwe bese beyosebenza ngalo. √/
- Isayoni sathi igazi likaSandanezwe lixutshwa nenhlabathi yasemathuneni bese lenza umbhulelo omubi okuyiwona lona omgulisayo/omhushayo. √ (2)

1.6 1.6.1 C√/Wahlawulisa abathakatha uNokulindela. √
1.6.2 E√/Ukugula kuyabhebhetheka kuSandanezwe. √
1.6.3 D√/Wanikeza uZabalaza umuthi wentando. √
1.6.4 B√/Kuvela inkinga kaSandanezwe. √
1.6.5 A√/Akakwazanga ukusiza uNonkamfela. √ (5)

1.7 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Isihloko sale noveli ethi, 'Ithemba Lami', siyahambisana nezinto ezenzeka endabeni ngoba:
- Umlingiswa omkhulu onguSandanezwe wayesethembeni lokuthi naye uyoze asinde, awise enkulu inkabi le ebonga kwabaphansi. √/
- USandanezwe wayenethemba lokuthi uma eqa esibhedlela eya ezinyangeni uzosinda. √/
- UNonkamfela wayenethemba lokuthi uma engathola isitho sangasese sowesifazane osemncane uyokwazi ukwelapha uSandanezwe. √/
- Ukuba ngcono kukaNokulindela ngesikhathi elashwa uNonkamfela kwanikeza uSandanezwe ithemba lokuthi mhlawumbe naye wayezosinda bagcine beshadile. √/
- USandanezwe wayenethemba lokuthi uSimakade namadlozi ngeke bayekelele bengamsizi. √/
- Unina kaSandanezwe wayenethemba lokuthi indodana yakhe izosinda ibe nomuzi wayo, ithole nabazukulu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMzulazula wayekholelwa ukuthi zimbalwa kakhulu izifo eziphica odokotela. √/
- UMzulazula wayekholelwa ukuthi indodana yakhe ayibanikanga odokotela ithuba elanele lokuyelapha. √/
- UMzulazula wayekholelwa ukuthi izinyanga eziningi ezilapha ngemithi yesintu imiphuphe nje engazi lutho. √/
- UMzulazula wayekholelwa ukuthi odokotela bangcono kakhulu kunezinyanga ngoba umsebenzi wabo bawufundela iminyakanyaka ezikhungweni zemfundo ephakeme. √/
- UMzulazula wayebona odokotela bengcono kunezinyanga ngoba bona bayazitshela iziguli uma isifo sibaphica. Lokhu kunikeza iziguli ithuba elanele lokudlulela phambili ziyozama kwabanye abantu abasebenza ngamakhambi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UZabalaza wayeshela izintombi ngoba enentshisekelo yokuganwa avuse umuzi kayise. Lokhu sikubona ngokuthi ashele uNokulindela yize enolwazi lokuthi uthandana noSandanezwe. √/
- UZabalaza wayecutha ngasemfuleni uma efuna ukuzibika entombini. √/
- UZabalaza uyakholelwa ekusebenziseni imithi ukuze athole intombi azoyenza unkosikazi. Lokhu sikubona ngokuthi acele uNomgedla ukuba amfakele umuthi wentando kuNokulindela. √/
- UZabalaza uyawushisa umbango ngentombi. Lokhu sikubona ngesikhathi ehuba ingoma eyayinamazwi ayiziswana. Le ngoma yayibhekiswe kuSandanezwe. √/
- UZabalaza wayekwazi ukulwa ngezinduku. Lokhu sikubona ngesikhathi elwa noSandanezwe. √/
- UZabalaza uyabuhlonipha ubuholi bendabuko. Ngesikhathi uMnumzane wendawo emhlawulisa izinkomo eziyishumi wasamukela isinqumo wenza lokho okwakufunwa ubuholi bendawo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA B

1.10 1.10.1 Yingoba odokotela esibhedlela batshela uSandanezwe ukuthi wangenwa igciwane lesandulela ngculazi. √ (1)

1.10.2 Yingoba uMbeje imithi yakhe wayeyilanda ePutukezi kwaLomahasha naseMampondweni. √ (1)

1.11 Kumveza njengomlingiswa othanda uxolo√/onothando olujulile √ ngoba: akathandi ukuthi kube nokungezwani/nokushayisana phakathi kwakhe noSandanezwe√/Wayengafuni ukwandisela uSandanezwe izinkinga ngokulwisana naye isidingo singekho√/Akathandi ukwenza into ezophatha kabi uSandanezwe. √ (2)

1.12 Wahamba engashongo ukuthi uyaphi. √√ (2)

1.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isenzo sikaNomgedla sokufakela uNokulindela umuthi wentando, sadala esikhulu isixakaxaka emzini kaMchunu. Kwathi abakwaMchunu besabhekene nenkinga yokugula kukaNokulindela kwaquleka uMaZikalala. √/
- Kwaze kwasa ngalolo suku lwesigameko abakwaMchunu bebheke ngawo womabili. Babezibuza beziphendula ngesinyathelo okwakumele basithathe ukusindisa indodakazi yabo. √/
- Isenzo sikaNomgedla samcasula kakhulu uMchunu waze walimisa ngesihloko elokuthi akafuni ukumbona emzini wakhe. √/
- Isenzo sikaNomgedla sokuvuma ukusiza uZabalaza ngokufakela uNokulindela umuthi wentando senza ukuthi uSandanezwe amzonde kakhulu uZabalaza lokho kukhulisa udweshu phakathi kwalezi zimbangi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izenzo ezinhle:

- UNonkamfela uyinyanga edumile ngokusiza izindimbane zabantu abagulayo. √/
- UNonkamfela welapha ngempumelelo uNokulindela. √/
- UNonkamfela usebenzisa imithi yekhethelo uma elapha iziguli zakhe, eminye yale mithi uyilanda kwamanye amazwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izenzo ezimbi:

- UNonkamfela wacwiya isitho sangasese somuntu wesifazane owabe evelelwe umshophi wokugingqika nebhasi. √/
- UNonkamfela akamtshelanga uSandanezwe iqiniso lokuthi isifo esabe simphethe siyamehlula. Esikhundleni sokukhuluma iqiniso wazama amaqhinga okumxosha emzini wakhe. √/
- UNonkamfela wathembisa uSandanezwe ukuthi nakanjani wayezosinqoba isifo esabe simphethe kodwa ekugcineni wehluleka wancama ukufeza isithembiso sakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
USandanezwe wafunda isifundo sokuthi:

- Akuzona zonke izifo ezilapheka ngemithi yesintu, kukhona izifo ezifana nesifo sofuba, isifo sikashukela, ingculazi, nezinye eziningi ezilashwa noma ezilawulwa ngemithi yodokotela. √√/
- Kukhona izinyanga ezingathembekile, ezikuthembisa izulu nomhlaba kanti zizothatha imali yakho mahhala zehluleke ukukwelapha ngempume-lelo. √√/
- Kwesinye isikhathi kuyasiza ukuthi umuntu ogulayo anikeze bonke abantu abamelaphayo ithuba elanele lokwenza umsebenzi wabo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangiyomeluleka ngokuthi:

- Kufanele anikeze odokotela/isibhedlela ithuba elanele lokuthi bamhlolisise kahle ukuthi uphethwe yini. √/
- Uma odokotela bethole ukuthi unesifo sengculazi ekumhloleni kwabo kungakuhle ukuba adle imishanguzo ezothiba lesi sifo. √/
- Kumele atshele/azise ingoduso yakhe ngalokhu kugula okumphethe. √/
- Kumele amukele isimo njengoba sinjalo. √/
- Kumele aye kubeluleki bezengqondo ukuze bamsize akwazi ukumelana nalesi sifo. √/
- Kumele amdedele ngenhliziyo emhlophe uNokulindela uma efuna ukuyozama umendo kwezinye izinsizwa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
[35]

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

ISIQESHANA C

2.1 UNgobese uyinduna kaManyoba efemini abasebenza kuyo. √ (1)

2.2 Ntambama kwakujatshulwa ehositela kuculwa kugidwa kunjeya√/Wonke umuntu ohlala kule bhulokhi ovela eMsinga eNatali wamjabulela. √ (1)

2.3 Kuyiqiniso ngoba ngesikhathi uManyoba esasebenza wayengazithokozisi ngemali ayeyihola kodwa wayondla futhi efundisa amadodana akhe aze agogoda. √√ (2)

2.4 A√/Wethuka kakhulu. √ (1)

2.5
- Yingoba abantu balapha kwaMavundla babengenaso isineke sabantu abanjengoManyoba. √
- Wayengenayo imali yokugwaza ukuze izinto zakhe zisheshe zilunge. √ (2)

2.6
2.6.1 C√/Wayenamakhosikazi amabili ayengazani. √
2.6.2 E√/UManyoba wawina iLotho. √
2.6.3 D√/Wayehlala ehamba noManyoba. √
2.6.4 B√/Asisheshi ukuveza inkinga kaManyoba. √
2.6.5 A√/Wayesebenza umsebenzi wokucwaninga. √ (5)

2.7 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Isihloko sale noveli ethi, 'Kusinda Kwehlela Endodeni', siyahambisana nezinto ezenzeka endabeni ngoba:
- Umlingiswa omkhulu onguManyoba simthola ebhekene nobunzima obukhulu empilweni yakhe kusuka ngesikhathi esasebenza epulazini. Kwathi noma esesebenza eGoli impilo yaqhubeka nokuba umqansa. √/
- UManyoba wasebenza kanzima ngesikhathi esesebenza eGoli engakwazi ngisho ukuzijabulisa ngemali yakhe. Yonke imali ayeyithola wayeyithumela ekhaya. √/
- UManyoba wayefuna ukulobola uNtombi ngoba kwase kunguyena kuphela ezinsizweni zangakubo ezazingontanga yakhe owayengashadelwe. Lesi simo samfakela ingcindezi yokuba asebenze kanzima ukuze abeke imali yelobolo. √/
- Kwathi noma eseshadelwe wasebenza kanzima ngoba wayefuna ukuzakhela owakhe umuzi eMdlovana. Lokhu wakwenza ngoba wayefuna ukuthi izingane zakhe zithole ithuba lokufunda. Zazingeke zilithole ithuba lokufunda zisahlala epulazini ngoba kwakuzomele ziyosebenza isithupha. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ubudlelwane phakathi kukaMaNdlovu noThembaluhle bagcina sebubuhle ngoba:

- UMaNdlovu waphuma nenduku wafike washaya isoka likaThembaluhle elalifuna ukumthatha lihambe naye ngenkani. √/
- UThembaluhle wabona ukuthi ugogo uyamthanda ngoba nguye owayemnika izeluleko ngendlela okwakufanele aziphathe ngayo njengentombazane. √/
- UThembaluhle wabona ukuthi ugogo ungumzali oqotho ngoba wayemtshela amaqiniso engazami ukuzenza umngani wakhe njengoba kwakwenza unina. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Izinsizwa zangakubo kaManyoba zazicula zisine ehostela lapho ezazihlala khona, zenza into ezazijwayele ukuyenza emakhaya lapho zakhulela khona. √/
- Abantu basezindaweni zasemakhaya badume ngokwazisana nokusizana, yingakho nje nangesikhathi efika eGoli uManyoba wathathwa ngenye insizwa ababehlala nayo ehostela yayomfaka emsebenzini emayini. √/
- Izinsizwa zasemakhaya zidume ngokuthanda ukuhambela imicimbi yesintu ikakhulukazi ngesikhathi samaholidi kaKhisimusi. Izinsizwa zangakubo kaManyoba zazihambela amacece ngesikhathi samaholidi. √/
- Izinsizwa zasemakhaya zidume ngokuthanda ukungcweka ngezinduku, ngesikhathi samaholidi izinsizwa zangakubo kaManyoba zazidlala wona lo mdlalo wenduku. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA D

2.10 2.10.1 Yingoba ukudla okwakulinywa kakhulu endaweni yaseMdlovana kwabe kungummbila, ubhontshisi namathanga. √ (1)

2.10.2 Yingoba kuyashiwo kulesi siqeshana ukuthi uthishanhloko uMgoza wayengumuntu olwalungafakwa kuye lubuya nodaka. √ (1)

2.11 Simveza njengomlingiswa ononya√ ngoba: wayencisha uManyoba ongubabezala wakhe ukudla√/Wayengamwasheli futhi engamu-ayineli nezingubo zokugqoka. √ (2)

2.12 Wayesikhuluma kahle kakhulu isiNgisi. √√ (2)

2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UMaNene wayehlukumeza uMaNdlovu engafuni athandaze ngesikhathi ehlala nabo emzini wabo eGoli. Lokhu kwakwenza ukuthi kube nokushayisana ngemiqondo emndenini. √/
- UMaNene wayexabana nomkhwenyana wakhe uFanyana bebanga ukuthi uhlukumeza uMaNdlovu. √/
- Ngokuqhubeka kwendaba nendodakazi kaMaNene yagcina isibonile ukuthi uyena oyisihlava emndenini. Lokhu kwadala ukuthi indodakazi yakhe ingabe isamhlonipha ikakhulukazi uma ikhuluma naye. √/
- UFanyana wagcina esexabana nomakhelwane ngenxa yokuhluleka kwakhe ukunqanda umkakhe ngesikhathi ehlukumeza umama wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izenzo ezinhle:

- UThembaluhle wagcina esenobudlelwane obuhle nogogo wakhe esebonile ukuthi umtshela amaqiniso ngendlela okumele aziphathe ngayo. √/
- UThembaluhle wagcina esezilalela izeluleko zikagogo wakhe. √/
- UThembaluhle wasola abazali bakhe wabatshela ukuthi abakwazi ukukhulisa ingane yentombazane ngobuqotho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izenzo ezimbi:

- UThembaluhle wabikela umama wakhe ukuthi ugogo wakhe uyamhlupha ngokumshumayeza ngokuziphatha kahle. √/
- UThembaluhle wayehamba ebusuku aze abuye entathakusa. √/
- UThembaluhle wayengaceli futhi engabazisi abazali bakhe uma ezohamba lezi zindlela zakhe. √/
- UThembaluhle wayevumela ukuthi isoka lakhe elihamba ngemoto limlethe lize liyomehlisa esangweni kubo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Amadodana kaManyoba afunda isifundo sokuthi:

- Umuntu uvuna lokho akutshalile. Uma unikeza umuntu inzondo ngelinye ilanga isikhuni siyobuya nomkhwezeli. √√/
- Izinyembezi zomuntu omdala aziweli phansi ngoba uManyoba waze washona engawaxolelanga amadodana akhe. √√/
- Kuhle ukulwela iqiniso ngaso sonke isikhathi ungavumi ukwenziswa abanye abantu into engalungile. UFanyana wayengavumelani nokuhlaliswa kwabazali babo ngokwehlukana kodwa wagcina esevumelana nabafowabo ngoba esaba ukuphikisana neningi. √√/
- Ungamhlukumezi umzali wakho ngoba usuzibona ungcono ngokwezinga lempilo kunaye. Kumele wazi ukuthi isondo liyajikajika. UManyoba wawina iLotho wagcina esengcono kakhulu kunamadodana akhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
UMaNeNe ngangiyomeluleka ngokuthi:

- UMthethosisekelo uyabavumela bonke abantu ezweni ukuthi bakhonze ngokukhululeka uma nje bengeke baphazamise abanye abantu ngakho-ke ukunqabela uMaNdlovu ukuba athandaze kwakuphambene nezimiso zomthetho. √/
- Akukhumbule futhi ukuthi umuzi owethu sobabili ngakho-ke akanalo ilungelo lokuthatha izinqumo ngaphandle kokubonisana nami. √/
- Kungakuhle acele umama ehlise izwi ngesikhathi ethandaza ukuze angaphazamisi muntu endlini. √/
- Akayibeke phambili inhlonipho ikakhulukazi uma sekuya kumamezala wakhe. Akubizi mali ukuhlonipha omunye umuntu. √/
- Ubuntu bukhuthaza ukuhlonishwa kwesidalwa esingumuntu. Lokho kusho ukuthi phatha umuntu ngendlela ongathanda nawe ukuphathwa ngayo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
[35]

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

ISIQESHANA E

3.1 Bangabangani. √ (1)

3.2 Noma ngabe inkinga yakho ingakanani ngeke ize ikwenze ukuba ufune ukuganwa umfelokazi. √ (1)

3.3 Kuyiqiniso ngoba ngosuku lomshado ubaba kaTholakele wabuza imali yelobolo. √√ (2)

3.4 A√/Waphelelwa amagama. √ (1)

3.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu babesukumela phezulu uma bezwa ukuthi uBhekani uyashada, inkinga yayivela uma esesho ukuthi ushada nobani, baqale-ke abantu babike imbiba babike ibuzi. √/
- Kwakunzima ukuthola umfundisi ozobashadisa ngoba owasendaweni wanqaba ngelokuthi akakaze ambone nakanye uTholakele esontweni lakhe. √/
- Kwathi noma sebemtholile umfundisi welinye ibandla naye wathi ufuna abazali balabo abazoshada kuqala ngaphambi kokuba abashadise. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.6 3.6.1 C√/Zangena sezimbophile uPamella. √
3.6.2 E√/Ukuboshwa kukaTholakele. √
3.6.3 D√/Zashaya uBhekani ngeketango. √
3.6.4 B√/Kuvela inkinga kaBhekani. √
3.6.5 A√/Wayesebenza umsebenzi wobuthisela √ (5)

3.7 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Isihloko sale noveli ethi, 'Umshado', siyahambisana nezinto ezenzeka endabeni ngoba:

- Isisusa sodweshu kule noveli yiphupho likababa kaBhekani osewashona. Kuleli phupho ubaba kaBhekani wayemtshela ukuthi kumele ashade ngokushesha. √/
- Le ndaba ikhuluma ngomshado kusukela ekuqaleni ize iyofika ekugcineni. √/
- UBhekani wazifaka ezinkingeni eziningi ngenxa yentshisekelo ayenayo yokushada noTholakele. √/
- Uvuthondaba kule noveli siluthola ngosuku lomshado lapho kwafika khona amaphoyisa ashaqa bonke abenzi bobubi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

3.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngicabanga ukuthi umalume kaBhekani akabanga ingxenye yabantu ababeyokhongela umshana wakhe ngoba:

- Wayengathandi ukuthi umshana wakhe ashade noTholakele. √/
- Wayengathandi ukuthi umshana wakhe ashade nomuntu omdala futhi ongumfelokazi. √/
- Wayesezwe izinto eziningi ezimbi ngoTholakele ngakho-ke wayengazimisele ukufaka umndeni wakhe ehlazweni. √/
- Wayelahlwa unembeza ngakho-ke walandela lokho ayekutshelwa inhliziyo yakhe kulolu daba. √/
- Wayengafuni ukuthi abantu bendawo bacabange ukuthi uyahambisana nale nsambatheka eyayenziwa uBhekani. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Isenzo sikaTholakele sokudayisa/sokusebenzisa izidakamizwa siyahambisana nendawo ahlala kuyo ngoba kulula ukuthola abathengi bezidakamizwa endaweni enjengaseNyawushane. √/
- Isenzo sikaTholakele sokuhamba nabantu besilisa abahlukahlukene esagqoke inzilo siyahambisana nendawo eyimijondolo ahlala kuyo ngoba indawo lapho inganakwa into eyihlazo. √/
- Isenzo sikaTholakele sokwenza ubugebengu siyahambisana nempilo ephilwa ezindaweni eziyimijondolo. √/
- Isenzo sikaTholakele sokufaka uBhekani endlini yakhe ngesikhathi bengakavumelani ngokuthandana siyahambisana nendawo ahlala kuyo ngoba endaweni eyimijondolo akekho umuntu onaka omunye ukuthi wenzani nobani endlini yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA F

3.10 3.10.1 Yingoba uBhekani uyasho kulesi siqeshana ukuthi yena wazi ukuthi uTholakele mdala kunoLindiwe. √ (1)

3.10.2 Yingoba ngesikhathi sebengenile endlini kaTholakele ngalolu suku uBhekani wabona amaphilisi angakaze awabone. √ (1)

3.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kumveza njengomlingiswa ontekenteke√/omesabayo uTholakele√/ongakwazi ukumela into ayishoyo√ ngoba le nto ayeyibuza kwakufanele athole impendulo yayo angajahi ukuxolisa. √/
- Kumveza njengomlingiswa onothando√ ngoba wayebalekela umsindo nokuphikisana phakathi kwakhe nesithandwa sakhe esinguTholakele. √ (2)

3.12 Ukwamukela impendulo yize unganelisekile. √√ (2)

3.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ubukhona bukaBhatomu kuyalukhulisa udweshu ngoba:

- UBhatomu wayefuna ukungena uTholakele ngenkani, lokho kwadala ukuthi uTholakele abaleke emzini engakayikhumuli ngisho inzilo. √/
- Kwathi nalapho esebalekile emzini uTholakele kepha uBhatomu wamthungatha waze wamthola endaweni yaseNyawushane. √/
- UBhatomu wayehilizisana noBhekani njalo uma behlangana. √/
- UBhatomu wayehlukumeza uTholakele ngokumshaya nokumsabisa.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izenzo ezinhle:

- ULindiwe wayekwazi ukuxolisa uma enze iphutha, ngesikhathi efike okokuqala kubo kaBhekani waxolisa ngephutha alenza. √/
- ULindiwe wayephathela umama kaBhekani izipho uma evakashele kubo kaBhekani. √/
- ULindiwe wayekwazi ukuxolela ngoba waxolela uBhekani emuva kokuba emlaxazile ekhulelwe ingane yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izenzo ezimbi:

- ULindiwe wayelova esikoleni aqhethe kubo kaBhekani. √/
- ULindiwe wayezifikela kubo kaBhekani ngaphandle kokumenywa noma ukucelwa. √/
- ULindiwe waya ocansini olungaphephile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
UBhekani wafunda isifundo sokuthi:

- Kubalulekile ukubalalela abantu abasondelene nawe uma bekuxwayisa ngobungozi bento ethile. Unina, umalume noSifiso bamxwayisa kaningi ngoTholakele kodwa yena wangalalela. √√/
- Kubalulekile ukuthola ulwazi ngemvelaphi yomuntu ohlose ukushada naye. √√/
- Ungazishayi indiva izenzo ezimbi zomuntu ofuna ukushada naye. Uma kukhona okushaya amanzi ngomuntu ohlose ukumshada, kuhle ukumshiya ningakahambi ibanga elide kunokulinda amathonsi abanzi. √√/
- Ungavele ukholwe nanoma yini nje ephuma emlonyeni womuntu othandana naye kodwa yonke into ayishoyo ihlolisise ngaphambi kokuba uyamukele njengeqiniso. √√/
- Kuyenzeka ubuhle bangaphandle bomuntu bungahambisani nezenzo zakhe. √√/
- Akusona isinqumo esiphusile ukushada umuntu ngenxa yokuthi uyamhalela noma uyamthanda nje kuphela kuhle ukubheka ukuthi unabo yini ubuntu nesimilo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
UBhekani ngangiyomeluleka ngokuthi:

- Akaqaphele angazibizeli amabhadi ngokulobola umfelokazi osazilile. √/
- Akamyeke uTholakele ngoba udayisa izidakamizwa ngakho-ke ukuqhubeka nokuthandana naye kwakuzomfaka enkingeni. √/
- Akathole ulwazi olwanele ngemvelaphi kaTholakele. √/
- Kumele amqaphele uBhatomu owayefuna ukungena uTholakele ngoba uyingozi enkulu. √/
- Akaqhele kuTholakele ngoba uzogcina ngokumfaka ehlazweni njengoba ekhombisa ukungabi nasimilo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

ISIQESHANA G

4.1 Uyikhansela. √ (1)

4.2 Wayengafuni bajabulise izilima ezingahambisani nezinguquko. √ (1)

4.3 B√/Ukucasuka. √ (1)

4.4 UDuma wayengabiza amaphoyisa ukuthi azoqinisa ezokuphepha ngosuku lomhlangano. √ (1)

4.5 UMbandlwa washaywa yinduna uDlamini ingozi ekhanda. √√ (2)

4.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMaShezi wayesenokwesaba ngoba wayebona impilo yakhe ingaphephile ngenxa yodlame olwaluqhubeka endaweni. √√/
- UMaShezi wayenokwesaba ukuthi kungase kubheduke impi eyake yaba khona kule ndawo. √√/
- UMaShezi waphindela kubo ngoba umyeni wakhe noMbandlwa babengafuni ukumlalela uma ebakhuza kulesi senzo sabo sokungahloniphi inkosi. √√ (2)

4.7 4.7.1 C√/Isikole uDuma afunda kuso. √
4.7.2 D√/Kukhona uMnyango wezamaKhosi. √
4.7.3 B√/Isikole okwabanjelwa kuso umhlangano. √
4.7.4 A√/Isemahhovisi kaHulumeni kazwelonke. √ (4)

4.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Inkosi uShandu yayingenabo ubufakazi obuphathekayo bokuthi uMbandlwa uyena owenza uDuma angayihloniphi. √√/
- Inkosi uShandu yayisaba ukuthi umthetho uzoyijezisa ngoba intando yeningi ayikuvumi ukuthi amakhosi adingise abantu endaweni. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.9 4.9.1 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
UMbandlwa:
- Unamagqubu√ usabambelele ezintweni ezenzeka kudala phakathi kwakhe nabantu abalandela inkosi. √/
- Unenkani √ kwathi noma eseshayiwe waqhubeka nokugqugquzela uDuma ukuthi angayihloniphi inkosi. √/
- Akahloniphi √ ubiza induna yenkosi ngendunyana. √/
- Unesibindi√ wakwazi ukufafaza indaba yomzabalazo wenkululeko endaweni ebuswa yinkosi yize kwakunabantu ababengahambisani nalokho. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.9.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
UMaNgema:

- Unesineke√ wancenga umyeni wakhe ephindelela ukuthi asebenzisane noDuma ukuze kube nokuthula endaweni. √/
- Ungumuntu onoxolo√ wakwazi ukubambisana noMaShezi ukuthi balekelele ekuletheni ukuthula endaweni. √/
- Unenhlonipho√ akamphoqi umyeni wakhe ukuba enze okuthandwa uyena kodwa bayabonisana kahle. √/
- Unozwelo√ wakwazi ukutshela umyeni wakhe ukuthi athumele onogada bayogada uMaMsomi nezingane ngesikhathi uDlamini eboshiwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.10 Yize uSayitsheni ayengahambisani nokwakwenziwa uDuma, kepha wakwazi ukubeka umsebenzi wakhe phambili wamvikela kubantu abahambisana nenkosi ababefuna ukumsoconga. √√ (2)

ISIQESHANA H

4.11 UMbandlwa wayengafuni ukunikeza unogada ithuba lokuthi ethule inkulumo eyayivela enkosini, kanti uMaShezi wayefuna alalelwe unogada. √√ (2)

4.12 Udweshu lwangaphandle√ ngoba kushayisana imibono phakathi kwabalingiswa abatholakala kulesi siqeshana, uMaShezi noMbandlwa bayaphikisana mayelana nokuthi unogada avunyelwe yini ukudlulisa umyalezo wenkosi. √ (2)

4.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Isimo senhlalo kulo mdlalo asisihle kusuka ekuqaleni kuze kucishe kuyofika ekugcineni komdlalo. Isizwe senkosi sihlukene phakathi, kunokungqubuzana phakathi kwalabo abahambisana nekhansela nabahambisana nenkosi. √√/
- Isimo senhlalo kulo mdlalo asisihle kunabafana abasabisa abantu ngokuhamba beqhumisa izibhamu eduze kwemizi. √√/
- Isimo senhlalo kulo mdlalo asisihle ngoba kunodlame olwadlula nemiphefumulo yabantu abaningi. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.14 Wayixazulula ngokuthi ekugcineni kwakuzobakhona ukusebenzisana phakathi kukaDuma nenkosi. Ikhansela lase lizokwazi ukuletha intuthuko ngokukhululeka endaweni libambisene nenkosi. √√ (2)

4.15 Sikhona ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UDabula wayengomunye wonogada benkosi. √√/
- Wayengomunye owathunywa ukuba ayogada uMaMsomi ngesikhathi uDlamini eboshiwe. √√/
- Nguyena uDabula umbhali amsebenzisile ukusitshengisa ukuthi inkosi ingumuntu onozwelo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kubalulekile ukuthi abaholi endaweni bahloniphane futhi basebenzisane. √√/
- Kuhle ukuthi imibono yabesifazane ilalelwe ngoba ingaletha izinguquko ezinhle emphakathini. √√/
- Uma nisebenza ngomphakathi kumele nibeke izimpilo zabantu phambili ningabeki izidingo zenu phambili ukuze kube nokuthula. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Izimpendulo ziyokwehluka:
Abazwelana naye bayothi, ngiyazwelana naye ngoba:

- UDuma wayehlose ukuletha intuthuko emphakathini. √/
- UDuma wayenza umsebenzi wakhe ayewukhethelwe. √/
- UDuma wayengakaze ambandakanyeke ezehlakalweni zodlame endaweni ngakho-ke kwakungalindelekile ukuthi kungaba khona abafuna ukumsoconga. √/
- Kuphambene nezimiso zentando yeningi ukubulala abantu abanemibono ehlukile kweyakho kwezepolitiki. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

NOMA

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Abangazwelani naye bayothi, angizwelani naye ngoba:

- UDuma wayetshengisa ukungayihloniphi inkosi ngokungaceli kuyona uma ezoba nemihlangano endaweni yayo. √/
- UDuma wayengafuni ukulalela uma eboniswa inkosikazi yakhe uMaShezi. UMaShezi wameluleka ngokuthi enze imizamo yokuqeda ukungezwani endaweni yenkosi. √/
- UDuma wayevumela ukuhlohlwa unobhala wakhe owayebhebhezela udlame endaweni. √/
- UDuma wehluleka ukuguqula umqondo wakhe yize wayesebonile ukuthi isimo endaweni asisahambi kahle. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
[35]

UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

ISIQESHANA I

5.1 Ungunobhala. √ (1)

5.2 Kwaba nenkinga yokuthi bahlanganele esontweni ngalolu suku. √ (1)

5.3 B√/Ukulimaza. √ (1)

5.4 UMaNsibande wathi kungcono imali ihambe nomfundisi avuke ekuseni ayoyifaka ebhange. √ (1)

5.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMthofi wangena nezicabha emzini kaMbhele. √√/
- Esengenile uMthofi endlini wafuna imali yakhe ngoshova kuSonto waze wakhipha nesibhamu wamkhomba ngaso. √√/
- UMthofi wasabisa uSonto ngokuthi uzomdubula amchithe ubuchopho uma engamkhokheli imali yakhe. √√ (2)

5.6 USonto wayesezwile kummeli ukuthi angeke ayithole imali yefa likaMbhele ngakho-ke wayengeke esakwazi ukukhokhela oMthofi imali yabo. Lokho kwamphoqa ukuthi abaleke angalindi amathonsi abanzi. √√ (2)

5.7 5.7.1 C√/USonto ukhuluma indaba yefa. √
5.7.2 D√/Miningi imikhuba eyayenzeka khona. √
5.7.3 B√/UMaMkhize uzobona uSonto. √
5.7.4 A√/UMfundisi wabanjwa inkunzi. √ (4)

5.8 Wayesaba ukuthi umfundisi angahle akhulume iqiniso lokuthi udutshulwe ubani. √√ (2)

5.9 5.9.1 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
UMthofi:
- Unobugebengu√ wayethengwa ukuze abulale abantu. √/
- Unesibindi √ ngoba waqhubeka nobugebengu emva kokudedelwa ngoshwele ejele. √/
- Akananembeza√ wadubula uMaNtuli wamchitha ubuchopho. √/
- Unonya/ unesihluku√ ngoba wabulala uMbhele waze wamshisa. √/
- Akahloniphi√ ngoba wayengena elengise isibhamu emzini kaMbhele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.9.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
UZinhle:

- Uthanda imfundo√ ngoba kuyamkhathaza ukuhamba kwabo beyohlala kwagogo ashiye isikole esisezingeni eliphezulu abefunda kuso. √/
- Uyaqaphelisisa√ uyashesha ukubona uma kukhona okungahambi kahle ngomama wakhe. √/
- Uyahlonipha√ yize wayeyingane ezikhulumelayo kodwa wayenganqabi uma abantu abadala bemthuma. √/
- Ukhonze abangani bakhe√ wayengathandi ukushintsha isikole ngoba wayecabangela ukuthi uzoshiya abangani bakhe. √/
- Ungowesimanjemanje futhi obulimibuningi√ ngoba uma ekhuluma simthola efaka ulimi lwesiZulu kanye nolwesiNgisi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.10 Yize zazingekho iziphathimandla zasemaphoyiseni esibhedlela kodwa uNhleko wakhombisa ubuqotho ngokuyilandela njengoba injalo imiyalelo yazo yokungavumeli muntu ukuba angene egunjini okwakulaliswe kulo umfundisi. √√ (2)

ISIQESHANA J

5.11 UNhleko wabona uMthofi noToronto emzini kaMbhele bephethe izibhamu. Njengomseshi uNhleko kwadingeka ukuthi aphenye ngalesi senzo sabo. √√ (2)

5.12 Udweshu lwangaphandle√ ngoba kushayisana imibono phakathi kwabalingiswa abatholakala kulesi siqeshana uToronto noMthofi baphikisana ngokuthi kufanele yini bakhulume iqiniso noma cha. √√ (2)

5.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Isimo senhlalo kulo mdlalo asisihle kusuka ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni komdlalo. Kunezigebengu ezingena zilengise izibhamu emizini yabantu zifike zisabise amalunga omndeni. √√/
- Isimo senhlalo kulo mdlalo asisihle abantu besifazane banesibindi sokubamba inkunzi baze bakhiphe ngisho umphefumulo. √√/
- Isimo senhlalo kulo mdlalo asisihle ngoba kubulawa abantu ngesihluku. √√/
- Isimo senhlalo kulo mdlalo asisihle, izingane zilahlekelwa abazali bazo zisencane ngenxa yobugebengu obuqhubekayo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.14 Kwayibhebhethekisa ngokuthi kubelula kuNhleko ukubopha uSonto ngoba wayesenabo bonke ubufakazi ayebudinga ngokufa kukaMbhele. Lokho kwenza ukuba uSonto angabe esakwazi ukukhokhela uMthofi imali yakhe. √√ (2)

5.15 Sikhona ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngesikhathi umfundisi edutshuliwe walaliswa esibhedlela, umlingiswa ongunesi wachazela ibandla ngokudlula kukamfundisi emhlabeni. √√/

- Nguyena ochazela ibandla ngemizamo abayenzile ukusindisa impilo kamfundisi. √√/
- Nguyena unesi umbhali amsebenzisile ukusifundisa ukuthi basekhona abantu abanozwelo, isineke nabawuthandayo umsebenzi wabo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuthanda kakhulu imali kungagcina kukufaka ezinkingeni ugcine usuboshwa. √√/
- Okubi okwenzayo kungagcina kufaka abantwana bakho ezinkingeni. √√/
- Ukungathembeki emshadweni kungagcina kukudonsele amanzi ngomsele. √√/
- Icala noma lingalidala kangakanani alisoze laphela bengakashushiswa abenzi bobubi. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Izimpendulo ziyokwehluka:
Abazwelana naye bayothi, ngiyazwelana naye ngoba:

- Wayethi utshengisa umuntu wesifazane uthando lweqiniso kanti uzombulala. √/
- Wayethi uqala kabusha umndeni kanti uzothola inkosikazi eyisigebengu. √/
- Ngesikhathi ethandana noSonto wayengenalo ulwazi lokuthi uthandana nohlobo olunjani lomuntu. √/
- Yize uMbhele wayenamaphutha akhe kodwa kwakungafanele abulawe ngesihluku abulawa ngaso. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

NOMA

Abangazwelani naye bayothi, angizwelani naye ngoba:

- Wayenethuba lokuzivikela kubantu ababenenhloso yokumbulala ngokuqasha onogada ababezomqapha ngaso sonke isikhathi kodwa yena wakhetha ukuvikela ifa lakhe kunophephisa umphefumulo. √/
- Ukube akazange angathembeki kumkakhe wokuqala, ngabe akashadanga noSonto. √/
- Ngenkathi becashe kwaDlamini ebona uMthofi engena emzini wakhe kwakufanele ayobika emaphoyiseni ngoba wayazi ukuthi uMthofi wayephume ngoshwele ejele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
[35]

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

ISIQESHANA K

6.1 Ungumakoti wendodana yakwaZungu. √ (1)

6.2 Abantu babesuke bamkhumbuze indaba endala yokushona komyeni wakhe. √ (1)

6.3 B√/Ukuxoxa izindaba ezinamancoko. √ (1)

6.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThenjiwe wathi uDumisani usemncane. √/
- UThenjiwe wathi akakwazi ukuwezela uthando lomunye umuntu komunye. √ (1)

6.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UNondumiso wacela ukuthi bachazele kahle uThenjiwe ngesiko lokungenwa. √√/
- UNondumiso wabatshela ukuthi mncane uDumisani kunoThenjiwe njengoba befuna amngene. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThenjiwe wathi sekulukhuni ukuhlala kwaZungu njengoba umyeni wakhe engasekho. √√/
- UThenjiwe wayedinwa ukuthi abakwaZungu babemphoqa ukuba angenwe nguDumisani. √√ (2)

6.7 6.7.1 C√/Kuhlangana uGugu noThenjiwe. √
6.7.2 D√/UThenjiwe uvakashela uSipho. √
6.7.3 B√/Kwafika uMaMbatha ekhala. √
6.7.4 A√/UThenjiwe uhlangana noMaNzuza. √ (4)

6.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMondise wayekholelwa kuleli siko lokungenwa ngoba lalenziwa endaweni. √√/
- UMondise wayesaba ulaka lwabaphansi ngoba uThenjiwe wakhishwa ngembuzi emzini wakwaMondise. √√/
- UMondise wayesaba ihlazo lokuthi indodakazi yakhe ibuye emzini. √√ (2)

6.9 6.9.1 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
UNondumiso:
- Uyahlonipha √ ngoba wayekwazi ukuthi uma efika kwaZungu akhulume nabo ngesizotha. √/
- Unesineke√ ngoba wakwazi ukubekezelela uMaMbatha noma ayekhombisa ukungamzweli udadewabo. √/

- Uyakwazi ukuhambisana nesimo √ ngoba wakwazi ukuncenga uThenjiwe ukuba avume isiko lokungenwa emva kokuba esebanjiwe ezama ukubulala uDumisani ngoshevu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.9.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
UMaMkhize:

- Umama ongasekelani√ ngoba wehluleka ukweseka indodakazi yakhe esinqumweni sayo sokungalivumi isiko lokungenwa. √/
- Umama ongakwazi ukumela iqiniso √ ngoba kwakusobala ukuthi uThenjiwe wayehlukumezeka emzini kodwa yena wehluleka ukuzifaka ezicathulweni zendodakazi yakhe. √/
- Umama onguvumazonke√ ngoba uvumela umyeni wakhe noma esethatha izinqumo ezicindezela amalungelo endodakazi yabo. √/
- Wayekhohliseka kalula√ ngoba zonke izinto ezingelona iqiniso ezazikhulunywa uMaMbatha ngoThenjiwe wayevele azikholwe kalula ngaphandle kokuzwa uhlangothi lukaThenjiwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.10 Yize uSipho ayelenzile icala lokugwaza uDumisani kodwa abomthetho bambeka icala ayengalenzanga. Ngakho-ke abomthetho bakhombisa ukungabi nobuqotho ngokumbeka icala okungelona. √√ (2)

ISIQESHANA L

6.11 UThenjiwe ucabanga ngokuboshwa kukaSipho okwenza ukuba aze afikelwe umcabango wokudlisa uDumisani ushevu/uphoyizeni. √√ (2)

6.12 Udweshu lwangaphakathi√ ngoba kushayisana imibono emqondweni kaThenjiwe mayelana nokuthi uzombulala kanjani uDumisani. √ (2)

6.13 Isimo senhlalo kulesi siqeshana asisihle ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UThenjiwe ubalisa ngokushiywa kwakhe nguSikhumbuzo. √√/
- UThenjiwe ubalisa nangokuboshwa kukaSipho. √√/
- UThenjiwe ubalisa ngamagama amabi ayisiqalekiso akhishwa ugogo wakhe. √√/
- UThenjiwe ucabanga ngezindlela ezahlukene angazisebenzisa ukubulala uDumisani. √√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.14 Kwayibhebhethekisa ngokuthi uThenjiwe waphoqeleka ukuvuma ukushada noDumisani yize kwakuyinto ayengahambisani nayo leyo. √√ (2)

6.15 Sikhona ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMaNzuza wangenelela wenza imizamo yokubonisa uThenjiwe ngesiko lokungenwa. √√/
- Nguyena owenza imizamo yokulamula ingxabano phakathi kukaThenjiwe noMaMbatha. √√/
- Nguyena uMaNzuza umbhali amsebenzisile ukusikhombisa ukuthi kukhona abantu abafana noMaMbatha abangazithathi nhlobo izeluleko zabanye. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuphoqelela umuntu entweni angayithandi kungadala izinkinga. √√/
- Kubalulekile ukuhlonipha amalungelo awo wonke umuntu kungabi khona umuntu ozophoqelelwa ngento angahambisani nayo. √√/
- Kumele abhekisiswe kabanzi amanye amasiko ukuthi ayahambisana yini nesikhathi okuphilwa kuso, kungabi khona isiko elizophambana nezimiso zomthethosisekelo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Izimpendulo ziyokwehluka:
Abazwelana naye bayothi, ngiyazwelana naye ngoba:

- Wayengezile ngokuzokulwa, wayenesifiso sokuzokhuluma noThenjiwe. √/
- Wayephoqwa ngabazali bakhe kwakungesona isinqumo sakhe ukuthi angene uThenjiwe. √/
- Wayenenhloso yokuzitholela owakhe umakoti ozomgana, kodwa ngenxa yesimo wazithola esesimweni lapho kwakumele angene khona uThenjiwe. √/
- Yize uDumisani waba nephutha lokubamba uThenjiwe ngenkani, kodwa kwakungamele ajeziswe ngokugwazwa ngommese. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

NOMA

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Abangazwelani naye bayothi, angizwelani naye ngoba:

- Akalalelanga ngesikhathi uThenjiwe emtshela ukuthi akathandi ukukhuluma naye, ngakho-ke wazifaka yena enkingeni. √/
- Ukube wakwazi ukumela iqiniso ngendaba yokungena uThenjiwe, ngabe akangenanga enkingeni yokugwazwa. √/
- Kwakumele athembeke kowesimame ayethandana naye, angavumi ukungena inkosikazi kamfowabo ukuze agweme izinkinga. √/
- Nguyena owazilandela utalatiya ngokusuka ngakubo aye ngakubo kaThenjiwe ngenhloso yokuyokhuluma naye. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 7

7.1 'WAKUBONA WAKUBELETHA' – MT Mkhize

ISIQESHANA M

7.1.1 UMageba √ (1)

7.1.2 USonhlalakahle wayenzela ukuba uZulu acaciseleke kahle ukuze angabi nenkinga uma abomndeni wakhe uCele sebefuna isihlobo sabo.√ (1)

7.1.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMaKhumalo wayengenandaba nomuntu angamazi futhi ethi kumoshwa imali.√√/
- UMaKhumalo wayebona sengathi uZulu uzifaka ezintweni angazazi azogcina esezisola ngazo.√√ (2)

7.1.4 UZulu kwakumele agcine onke amaphepha akhombisa izindleko angene kuzo ngesikhathi engcwaba uCele, njengawezindleko zemoto ethwala isidumbu, ukudla nezindleko zamabhasi. √√ (2)

7.1.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngesikhathi esaphila enesitolo wasiza uZulu ngemali waze wayiphinda kabili.√/
- Uma oZulu belethe ikiliniki engumahamba nendlwana esitolo sikaCele, uCele wayeyeka yonke imisebenzi yakhe asize izisebenzi zikaHulumeni ngokuchazela abantu ngokubaluleka kokugoma nokudla ukudla okunomsoco.√/
- Uma oZulu besebenzela esitolo sikaCele babengazihluphi ngokuthenga okuya ngasethunjini ngoba uCele wayebapha ukudla kwasekuseni nokwasemini ngaphandle kokulindela ukuthi bakukhokhele.√/
- Incwadi eyatholakala emthwalweni kaCele, yayikucacisa ukuthi imali ayeyibophele emzimbeni iyotholwa yiloyo oyomfihla ngesizotha. √/
- Wancamela ukuhlupheka enayo imali ngenxa yokuthi wayefuna itholwe umuntu oyomngcwaba ngesizotha uma esedlulile emhlabeni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

7.1.6 Kungenzeka usize omunye umuntu ungenayo inhloso yokuzuza ngaleso senzo bese kuthi ngokuhamba kwesikhathi nawe uzithole usenkingeni bese usizwa nguye lo muntu owamnikeza usizo phambilini. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

7.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
UZulu ungumlingiswa omkhulu ngoba:
- Simthola indaba iqala ize iyofika esiphethweni.√/
- Sethulelwa yena esingenisweni ebhekene nenkinga. √/
- Udweshu nezigameko eziningi zithinta yena.√ (2)

7.1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UCele wayezama ukukhohlwa yizinkinga ayebhekene nazo.√/
- UCele wayezama ukuthola isibindi sokubhekana nempilo yasemgwaqweni.√/
- UCele wayenzela ukuthi angawezweli amakhaza uma isimo sezulu singesihle. √/
- UCele wayengafuni ukucabanga ngezinkinga zakhe zokulahlekelwa yikho konke ayenakho.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Izimpendulo ziyokwehluka:
Abathi singenzeka bayothi:
- Basekhona abantu abanezinhliziyo ezinhle abakwaziyo ukusiza umuntu ngaphandle kokulindela inkokhelo. √/
- Basekhona abantu abanobuntu abakwaziyo ukuhlonipha isidalwa esingumuntu siphila noma sesidlulile emhlabeni. UZulu wavuma ukungcwaba uCele ngoba wayefuna afihlwe ngesizotha futhi ahlonishwe okokugcina. √/
- Basekhona abantu abakwazi ukubuyisela okuhle abakwenzelwe ngabanye abantu, uZulu naye wavuma ukungcwaba uCele owayeke wamsiza ngaphambilini. √/
- Basekhona abantu abakwazi ukusiza abanye yize bengahlobene nabo ngokwegazi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

NOMA

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Abathi ngeke senzeke bayothi:
- Izindleko zokuphila seziphezulu kakhulu. Lokhu kwenza ukuthi kube nzima kubantu ukuthi babe nemali yokusiza abanye.√/
- Abantu abaningi abasenabo ubuntu esikhathini samanje, sebezicabangela bona nemindeni yabo kuphela. √/
- Abantu abaningi abashadile sebevamise ukushada imishado ehlanganise amafa. Lokhu kwenza ukuthi kube nzima ukuthi umuntu oshadile akhiphe imali yokusiza omunye umuntu ngaphandle kokuvumelana nomuntu ashade naye.√/
- Abantu abasavamisile ukusiza abanye ngaphandle kokubheka inzuzo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

KANYE

7.2 **'UMAKHONYA'– Sakhile Bhengu**

7.2.1 UMaNdelu √ (1)

7.2.2 Wayephuma emsebenzini. √ (1)

7.2.3 Ukuhuqa insangu. √
Ukugoxa utshwala. √ (2)

7.2.4 Isho ukuthini le ngane uma ithi bona bangabantu bokudediswa endleleni ngoba bavimbele izinguquko? √√ (2)

7.2.5 (a) Ukuqoqeka kwesingeniso: Siyashesha ukuthola umlingiswa omkhulu okunguMakhoba nenkinga abhekene nayo okuyindodana yakhe engasafuni ukulalela imiyalelo nemithetho yakhe. Isingeniso siqoqeke kahle ngoba umbhali usheshe wangena emzimbeni wendaba. √√ (2)

(b) Inani labalingiswa: Le ndaba inabalingiswa abane. Leli nani labalingiswa liyahambisana nomgomo wenani labalingiswa endabeni emfishane. Endabeni emfishane kuye kulindeleke ukuthi abalingiswa bangeqi kwabayisihlanu. √√ (2)

7.2.6 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Kuyiqiniso ngoba:

- UMakhoba usikaza ukuxosha uMaNdelu nengane yakhe. √/
- UMakhoba ugcina exosha uMvuseni ekhaya ngoba engahambisani nalokho akushoyo.√/
- UMakhoba udiliza indlu ayeyakhele uMvuseni ngoba engavumelani naye ngokubuyela esikoleni.√/
- UMakhoba uhlela ukulimaza uMvuseni ngoba engahambisani nalokhu akushoyo njengomzali.√/
- UMakhoba uphihliza uBusisiwe ngewisa ethi ushaya uMvuseni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

7.2.7 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
Ngangizomxwayisa ngokuthi:

- Akaxoxisane nendodana yakhe ayibonise ngokubaluleka kwemfundo.√/
- Kwakumele amukele ukuthi indodana yakhe ayiphiwe ekufundeni njengendodakazi yakhe ngoba izingane azifani.√/
- Angakwenzi lokhu ayefuna ukukwenza ngoba angagcina esebhadla ejele ngesenzo sakhe.√/
- Kumele afunde ukulalela imibono yezingane noma zingaphansi kwakhe ngeminyaka. √/
- Ake ayofuna izeluleko kwabezenhlalakahle ngesinqumo esithathwe indodana yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

7.2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Izimpendulo ziyokwehluka:
Abazwelana naye bayothi, ngiyazwelana naye ngoba :

- UMvuseni uyena obonayo ukuthi angeke esakwazi ukuqhubeka nesikole ngoba siyamehlula. √/
- UMvuseni uphoqwa ngenkani ukuba aqhubeke afunde ngoba kumele kujabule uyise. √/
- UMvuseni wayesemdala kakhulu kunabafundi ayefunda nabo ngenxa yokuthi wayephindaphinda wonke amabanga. Lesi simo sasimfikisela ngamahloni.√/
- UMvuseni kwase kucacile ukuthi isikole siyamehlula ngakho-ke kwakufanele azanyelwe isikole lapho kufundelwa khona imisebenzi yezandla. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

NOMA

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Abangazwelani naye bayothi angizwelani naye ngoba :

- UMvuseni njengengane, kwakumele alalele okushiwo abazali bakhe. √/
- UMvuseni kwakumele abekezele aqhubeke nesikole ngoba abanye abantu esikoleni abaphumeleli ngoba behlakaniphile kodwa baphumelela ngenxa yokubekezela. √/
- UMvuseni kwakumele aqhubeke nesikole ngoba imisebenzi eminingi idinga ukuthi umuntu abe nekhono lokufunda nokubhala. √/
- UMvuseni kwakumele azame ukushintsha indlela azilungiselela ngayo uma kuzobhalwa izivivinyo esikoleni, acele nothisha ukuba bamulekelele ngokumhlomisa ngamasu aphusile azomsiza. √/
- Ukuyeka isikole kwakungeke kube isisombululo senkinga yakhe kunalokho kwakuzomandisela izinkinga. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 8

8.1 **'USIBA' – Nomthandazo C Makhanya**

8.1.1 Usiba oluchanyiselw' okwechwane √
Lwandizel'emifuleni yesifundazwe√ (2)

8.1.2 Imifula EMIBILI kwelandelayo:
- UMfolozi √/
- UThukela √/
- UMngeni √/
- UMkhomazi √/
- UPhongolo √ (2)

8.1.3 Nyoni engakhethi zilimela,
Nyoni engakhethi zindawo. √ √
Imaki loku-1 elokutomula imigqa.
Imaki lesi-2 elokudwebela igama eliveza ukuxhumana maphakathi. (2)

8.1.4 **I**mizwilili yahlokoma,
Iqhamuk' emasimini √√ (2)

8.1.5 D√/Isifaniso. √ (1)

8.1.6 (a) Inyoni yezimangaliso engenamingcele. √√
(b) Nyoni elandel` izigi zeLembe. √√ (4)

8.1.7 Leli gama liphindaphindwe ngenhloso yokugqamisa/yokugcizelela iqhaza elibanjwe inhlangano yababhali boSiba ezindaweni ezahlukene. √√ (2)

8.1.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Izimpendulo ziyokwehluka:
Abanye bayothi:
- Isigqi sale nkondlo siyashesha√ ngenxa yomoya wokujabula. Imbongi ijatshuliswe imisebenzi eyenziwa ngabanye bababhali abasabalalisa ulwazi ngolimi lwesiZulu. Nakuba imigqa eminingi ivalekile kepha ngenxa yomoya wokujabula isigqi siyashesha. √√

Abanye bayothi:
- Isigqi sale nkondlo siyanensa√ ngenxa yemigqa eminingi evalekile. √√ (3)

KANYE

8.2 **'INGQALABUTHO' – DW Nxumalo**

8.2.1 Uma umuntu enephupho lokwenza into ethile, kumele angalilahli ithemba uma izinto ziba nzima, kodwa aqhubeke nokusebenza kanzima lize lifezeke iphupho lakhe. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (1)

8.2.2 Imbongi iqonde ukuthi indawo yase-Groutville nayo isivelele ngoba sekukhona umbhali wezinkondlo ongowokuqala kule ndawo. √√ (2)

8.2.3 Owasifundisa ukuhaya ngesimanje. √√ (2)

8.2.4 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Imbongi ithi abanye abayizimbongi bayamuhalalisela uDokotela uVilakazi ngekhono lakhe elingajwayelekile lokubhala izinkondlo. √√/
- Imbongi ithi uDokotela uVilakazi ubalwele abantu abamnyama kulokhu akuqalayo okuwukubhala izinkondlo. √√/
- Imbongi ithi umsebenzi omuhle awuqalayo uDokotela uVilakazi usuyoqhutshwa abasaphila babhale futhi bahaye izinkondlo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

8.2.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Imbongi itusa/incoma imisebenzi emihle eyenziwa yimbongi eyabhala izinkondlo zesiZulu. √√ /
- Imbongi isebenzise amagama akhombisa ukutusa/ ukuncoma lo mbhali onguDokotela uVilakazi enkondlweni yayo. √√ (2)

8.2.6 Umoya wokujabula/wokuncoma ngoba imbongi iveza imizwa yayo yokujabula/Ukuncoma imisebenzi emihle eyenziwa nguDokotela uVilakazi ngekhono lakhe lokubhala izinkondlo. √√ (2)

8.2.7 Imbongi ichaza ukuthi akuyona nje kuphela emshayela izandla uDokotela uVilakazi kodwa nezinye izimbongi eziningi zenza okufanayo. √√ (2)

8.2.8 Iphumelele imbongi ngoba:
Ikwazile ukuxhumanisa nokuphelelisa umqondo oqale emgqeni wama-35 kuya kwama-36 lapho imbongi itusa umsebenzi omuhle kaDokotela uVilakazi asewushiye kulabo abasasele. √√ (2)

8.2.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kubalulekile ukuthi umuntu angapheli amandla uma kukhona abantu abamgxekayo kulokho akwenzayo ngoba angagcina eseyingqalabutho njengoDokotela uVilakazi. √√/
- Kubalulekile ngoba umuntu uma egxekwa kumele afunde kulabo abamgxekayo bese elungisa amaphutha akhe kuze kulunge lokho akwenzayo. √√/
- Kubalulekile ngoba ukugxekwa akusho ukuthi usuyisehluleki kepha kuyakusiza ukulungisa okwenzayo kuze kulunge. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70